



Ukuhlomisa izingane zethu
ngelikusasa

Isiqinisiso 1

**Isihloko sesifundo: Ukukhula kwe-Bandla Elisha lobuPhostoli
(Ingxenye 2)**

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya



Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **Ukukhula kwe- Bandla Elisha lobuPhostoli (Ingxenye 2)**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi uthule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS</p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"> • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 1.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba uthule ngayo.</p>



Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezululeko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. Isibonelo: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso-1 nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesikole abazimisele ukukusiza.



Isifundo

Isihloko

Ukukhula kwe-Bandla Elisha lobuPhostoli (Ingxenye 2)

Inhloso yesifundo

Izingane zifunda ngezimo iBandla Elisha lobuPhostoli elisabalale ngaphansi kwazo ekuqaleni.

Isifundo esifingqiwe:

I-Bandla Elisha lobuPhostoli lasungulwa e-Australia, eNyakatho naseNingizimu ye-Melika kanjalo naseNingizimu Afrika. Kulesisifundo sizogxila ekutheni ibandla lasungulwa kanjani eNingizimu Afrika. Sizophinde futhi senze isethulo esifushane mayelana noMsizi weNhloko yabaPhostoli u-Schlaphoff.

Ingemuva lomlando:

Ukusuka eHamburg, eJalimane, iBandla Elisha lobuPhostoli lasakazekela eNetherlands, lasuka lapho laya eJava, Indonesia, Chicago naseNew York, e-USA. Umsebenzi kaNkulunkulu wasabalala naseNingizimu yeNkabazwe phakathi konyaka we-1884 nowe-1914.

Isingeniso:

E-Australia, kanye naseNyakatho naseNingizimu ye-Melika, amabandla aqala ukusunguleka lapho ngabantu abangamalunga eBandla Elisha lobuPhostoli ababavela eYurophu — ikakhulukazi ababavela eJalimane naseSwitzerland - bafuduka lapha bayokanisa ngaphesheya. Yize obekubalulekile kulababantu kwakungukuzakhela impilo entsha ezweni labo elisha, ngentshisekelo nabo bafakaza ngenkolo yabo.

Amabandla okuqala eNingizimu Afrika asungulwa ngumVangeli uKlibbe. Wathunywa egunyazelwe lokhu esuka e-Australia ukuza e-Ningizimu Afrika ngonyaka-ka 1889.

Okuqokethwe:

INingizimu Afrika: U-Carl Klibbe no Wilhelm Schlaphoff

- UmVangeli u-Carl Klibbe wathunyelwa eNingizimu Afrika ngonyaka we-1889 ukuyosungula amabandla lapha.
- Uqale umsebenzi wakhe eKapa, kodwa yize wasebenza ngokuzikhandla kepha akazange aphumelele.
- Ngemuva kokuthuthela e-East London waphumelela ekusunguleni ibandla.
- Amabandla okuqala asungulwa phakathi kwabokufika baseJalimane.
- Njengoba izinkonzo eziNgcwele zaziqhutshwa ngesiJalimane, kwakunzima ukuthonya nokuzuza abantu ngomsebenzi kaNkulunkulu ngaphandle kwamaJalimane.
- UmVangeli uKlibbe wagcotshwa ukuba ngumPhostoli ngencwadi ngonyaka we-1893.
- UWilhelm Schlaphoff wathuthela eNingizimu Afrika ngo-1890.
- Kwakade eseJalimane wayexhumana neBandla Elisha lobuPhostoli.
- Ngo-1901 waphinde wahlangana nomsebenzi kaNkulunkulu e-East London futhi wagcotshwa ngoMoya oNgcwele nomndeni wakhe ngonyaka olandelayo.
- Ngemva kokuthola isikhonzo sobuDikoni kanye nokugunyazwa ukuba asabalalise ivangeli eKapa, wathuthela khona ngoMasingana1903.



- UmPhostoli uKlibbe wagcoba ngoMoya oNgcwele imiphefumulo yokuqala eKapa ngo-1904.
- Indlu yokuqala yebandla yakhiwa eClaremont, eKapa, ngo-1906.
- Ukungezela ngaphezu kwesiJalimane, uWilhelm Schlaphoff, owayesegcotshiwe ukuba abe ngumPristi, kungekudala naye waqhuba izinkonzo eziNgcwele ngesiNgisi nangesiBhunu.
- NgoMandulo 1913 uWilhelm Schlaphoff, owayenesikhonzo sobuBhishopi, wagcotshelwa esikhonzweni sobuPhostoli ngesikhathi ehlala eJalimane.
- Ngawo lowo nyaka, umPhostoli uKlibbe wayesezihlukanisile neNhloko yabaPhostoli wabese uyalishiya iBandla Elisha lobuPhostoli.
- UmPhostoli Wilhelm Schlaphoff wanakekela amabandla aseNingizimu Afrika.
- Isifunda saqhubeka nokukhula ngesibusiso esikhulu.
- Ngokusebenza kwezinye iziNceku, kwasungulwa amagatsha amabandla eGoli ngo-1910 nasePitoli ngo-1912, nakwamanye amadolobha amaningana.
- UmPhostoli Schlaphoff washona ngo -1928 eneminyaka engama-61.
- Ngaleso sikhathi kwase kunamabandla angama-39 kanye nabantwana bakaNkulunkulu ababalelwa kuzi-7 000 eNingizimu Afrika.

Umsizi weNhloko yabaPhostoli uHeinrich Franz Schlaphoff:

- Uyindodana yomPhostoli uWilhelm Schlaphoff.
- Ngomhla-ka 5 Zibandlela 1928, wathola isikhonzo sobuPhostoli ngencwadi.
- Ngaphansi kobuholi bakhe umsebenzi kaNkulunkulu wakhula waya emazweni angomakhelwane (iZimbabwe neMalawi).
- Ngemuva konyaka waphinde waphathiswa isifunda saseNingizimu ye-Melika.
- Ngo-1930 wavakashela e-Argentina, eBrazil nase-Uruguay.
- Waqinisekisa ukuthi izinkonzo eziNgcwele zibanjwa ngolwimi lezwe uma kunokwenzeka.
- Ngesikhathi sempu yesibili yomhlaba (WWII) wayenakekela onke amabandla angaphandle kweYurophu (i-Afrika, iNyakatho neNingizimu ye-Melika, i-Asia ne-Australia)
- Ngaleso sikhathi iNhloko yabaPhostoli uBischoff, wayeseJalimane.
- Ngemuva kwempi, uHeinrich Schlaphoff wasala esenakekela amabandla endawo eseNingizimu yeNkabazwe.
- Kusukela ngo -1952 wasebenza njengomPhostoli wesiFunda eNingizimu Afrika futhi wathatha umhlalaphansi ngo -1954.



Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- Sifunde ngemvelaphi ye-Bandla Elisha lobuPhostoli eNingizimu Afrika (NAC in RSA) - kubalulekile ukwazi ukuthi ibandla lethu lakhula kanjani ezweni lethu.
- Sifunde ukuthi okokuqala uCarl Klibbe kanye noWilhelm Schlaphoff, bobabili ababedabuka eJalimane, baqala umsebenzi kaNkulunkulu lapho baqala e-East London futhi ngemuva kwalokho eKapa.
- Ekuqaleni izinkonzo zaziqhutshwa ngesiJalimane kuphela, kepha kusukela lapho izinkonzo seziqhutshwa ngesiNgisi nangesiBhunu, umsebenzi kaNkulunkulu wasakazekela nakwezinye izingxenye zezwe.
- UmPhostoli Heinrich Schlaphoff waba nguMsizi weNhoko yabaPhostoli futhi wasebenza kakhulu emazweni aseNingizimu neNkabazwe.

Ulwazi Olwengeziwe:

Kulesi sifundo sidingide ngentuthuko yebandla lethu eNingizimu Afrika. Kepha-ke, ungahle ube nentshisekelo yokuthi ibandla lakhula kanjani eNingizimu ye-Melika nase-Australia. Encwadini yakho yokusebenzela kukhona izindatshana ezimayelana nokuthuthuka komsebenzi kaNkulunkulu kulawamazwe. Kunendatshana ethokozisayo yohambo loMsizi weNhloko yabaPhostoli Schlaphoff lokuya eNingizimu yeMelika.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen